

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**JUNI 2019**

**IBANGA LE- 12**

**AMAMAKI: 80**

**SIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-14**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)  
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)  
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:  
ISIQEPHU A: imizuzu engama-50  
ISIQEPHU B: imizuzu engama-30  
ISIQEPHU C: imizuzu engama-40

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ongezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### **UMBHALO A (Okufundwayo)**

##### **ABESIFAZANE ABASEBENZA EZIMAYINI**

- 1** Sekube yingqophamlando abesifazane bezidela beyosebenza ezimayini phansi emgodini. Kuyaqala ngqa kuleli lizwe lethu lase Ningizimu Afrika ukuthi sibe nohlelo oluhle lokuqashwa kwabesifazane abasebenza ezimayini. Owaqhamuka nalo mqondo kwaba nguBoni Nokwindla woMnyango weZokumbiwa phansi naMandla. Laba besifazane sebekwenze kwakhanya bha ukuthi, ayikho into engehlula imbokodo. Phela imbokodo yitshe eliqinile elinamandla amakhulu. Ukusebenza ezimayini akusiyona neze into elula kanti ambalwa kabi amadoda anesibindi sokwenza lo msebenzi. EBoksburg kunedlanzana labesifazane **asebezidele amathambo** bebona kungcono ukuthi bayosebenza ngaphansi komhlaba ukuze baxoshe ikati eziko.
- 2** Lezi zintokazi ezingamadelakufa zisebenza ezimayini zase-East Rand. Imindeni yabo yaqala ngokungabaza ngoba ingakholwa ukuthi bangakwazi ukuwenza lo msebenzi obukeka unzima ngisho nakwabesilisa uqobo. Imenenja yasezimayini uLeslie Moodley wenza isiqiniseko sokuthi ezokuphepha ziqinisekisiwe ukugwema izingozi ezingenasidingo. Manje lawa maqhawekazi asehlonishwa kakhulu ngenxa yesibindi sawo. Uma esebenza akhombisa ukuzethemba futhi abonakala engenalo uvalo entanyeni njengexoxo.
- 3** Bangaphezu kwamashumi amabili abesifazane abangena ezimayini beyomba igolide ngaphansi komhlaba. Laba besifazane babeqala ngqa ukungena emgodini futhi bebonakala ukuthi bathukile imindeni iyakhathazeka ngokuphepha kwabo ngenxa yobungozi obenzeka ezimayini. Zonke izinsuku ihlale izwa ezindabeni nasemaphephandabeni

ngezinto ezesabisayo ezenzeka emgodini. Ukuphepha kwabo ngesikhathi besebenza kuyaqinisekiswa. Izinto abazisebenzisa ukuzivikela isigqoko okuthiwa umakalabha, amabhuzu aqinile, amagilavu nama-ovaloli. Emgodini kumnyama kakhulu ngakho-ke omakalabha baboshelwa amathoshi akhanya ngokugqamile. Izinto ezibagcina bephephile ziyahlolwa njalo ngaphambi kokuba bangene emgodini uma beyobaqala umsebenzi. Lokhu bakwenza ngoba basuke bezama ukugwema amaphutha nokuqinisekisa ukuphepha.

- 4 Ezimayini ukusebenza kuqala ngehora lesithupha ekuseni. Lesi sikhathi asishintshwa ngisho amakhaza eshubisa umkantsha. Abesifazane abalenzi iphutha lokufika emuva kwesikhathi emsebenzini. Bachitha amahora ayishumi bengaphansi emgodini abaphumeli ngaphandle ukuyothenga abakudingayo. Bonke bafika nokudla neziphuzo abazozisebenzisa usuku lonke. Baphuma emgodini ngehora lesine ntambama ilanga seliyozilahla kunina.
- 5 Ekuqaleni abaphathi bezimayini babengayizwa kahle le ndaba yabantu besifazane abafisa ukusebenza emgodini. Ngokuhamba kwesikhathi abaphathi bagcina sebevumile ukuba banikezwe ithuba lokuzibonakalisa. Bagcina sebebaqashile. Baqala ngokuthi kuqashwe abesifazane abayishumi kuphela. Basijabulela kakhulu lesi sinqumo abesifazane bokuqala ngoba kwakuyithuba eliyinqophamlando. Basebenza ngokukhulu ukuzikhandla nokuzimisela befuna ukuzibonakalisa kubaphathi babo.
- 6 Ngokuhamba kwesikhathi kwabonakala likhula isasasa labantu besifazane abazofesa ezimayini. Abaphathi babengabaza bengenaso isiqiniseko sokuthi basandise yini isibalo sabesifazane abasebenza ezimayini. Imiphakathi kanye nezinhlango zabasebenzi zazwakalisa ukubeseka laba besifazane abasebenza ezimayini. Imindeni eminingi yakwazi ukuxosha ikati eziko, izingane zaqhubeka nemfundo yazo. Kwakungalindelekile ukuthi bazoba baningi abazoba nogqozi nothando

lokwenza lo msebenzi. Akubanga khona sikhango emaphepheni, nasemisakazweni abantu babehamba betshelana ngezikhala zemisebenzi ezimayini. Iningi labo alizibekanga phansi lavukela khona bezozama inhlanhla. Babebaningi bephithizela njengezimpethu zendlovu ngenkathi bezofesa. Bafika ekuseni kusempondozankomo benzela ukuba abokuqala emgqeni.

- 7 UBonu wajabula kakhulu ngokubona umsebenzi wabesifazane ukhula udlondlobala. Waphawula ngokuthi lokhu kuyisinyathelo esihle esandisa amathuba omsebenzi, siphinde sikhuphule umnotho wezwe lethu. Laba besifazane banemindeni okumele bayondle ayikho into abangaziphilisa ngayo. Abantu besifazane bazoba negalelo elikhulu kule mboni yezimayini. UMongameli wezwe uncome kakhulu iqhaza abalibambile ekuthuthukiseni umnotho wezwe. **Ukuntuleka kwemisebenzi** kwandisa ubuphofu ezweni lethu. Kuyajabulisa ukubona abesifazane bezibona bephephile uma besebenza emgodini. Sebebaningi nabanye abafisayo ukuzibona besebenza njengalawa maqhawekazi.

[Icashuniwe yase iyahunyushwa]

- 1.1.1 Abakuphi nendawo abesifazane abaqashwe ezimayini? (1)
- 1.1.2 Ngubani owenza ukuthi abantu besifazane basebenze ezimayini? (1)
- 1.1.3 Wabasiza kanjani uLesley abantu besifazane abasebeqashiwe ezimayini? (1)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:  
 Igama imbokodo lichazani ngokombhalo A  
 A umngani oqotho.  
 B umuntu wesifazane.  
 C umshayeli wemoto.  
 D umuntu wesilisa. (1)
- 1.1.5 Bhala isizathu esenza abantu besifazane basebenze ezimayini. (2)
- 1.1.6 Yiziphi izinto EZIMBILI ezifakazela ukuthi imindeni yayingaphathekile kahle ngokusebenza kwabesifazane ezimayini. (2)
- 1.1.7 Bhala OKUBILI okuvezwe uNgqongqoshe wezokumbiwa phansi okunemithelela emihle kule ndaba. (2)
- 1.1.8 Yimuphi umyalezo esiwutholayo ngesenzo sabesifazane abasebenza

ezimayini. (2)

1.1.9 Tomula umusho ophelele esigabeni sesi-4 ositshela ukuthi abesifazane bayasigcina isikhathi. (2)

1.1.10 Bhala izinto EZIMBILI ezitholakala esigabeni sesi-5 ezikhombisa ukuthi abasifazane bayakujabulela ukusebenza ezimayini. (2)

1.1.11 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziwe kule misho elandelayo:

(a) Kunedlanzana labesifazane **abazidela amathambo**. (2)

(b) **Ukuntuleka kwemisebenzi** kwandisa ubuphofu ezweni lethu. (2)

1.1.12 Ukusebenza kwabantu besifazane ezimayini kufanele kuvalwe uyavumelana yini nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

1.1.13 Ngokucabanga kwakho ukusebenza kwabantu besifazane ezimayini kuyalisiza yini izwe laseNingizimu Afrika. (2)

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-google.com]

1.2.1 Bakuphi laba abakulesi sithombe? Sekelela impendulo yakho. (2)

1.2.2 Chaza ukuthi uphatheke kanjani ubaba kaDeli. (2)

1.2.3 Ngokucabanga kwakho ubenzani uDeli ngenkathi ezwa izigi zabazali bakhe? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30****ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa **UMBHALO C** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngokudala izingozi emgwaqweni.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)****OKUDALA IZINGOZI EMIGWAQWENI**

Izingozi eNingizimu Afrika zidala umonakalo omkhulu. Ezinye zalezi zingozi zingavimbeka kodwa ngenxa yobudedengu babashayeli bezimoto akwenzeki lokho.

Abashayeli bezimoto abazilandeli izimpawu zomgwaqo. Kukhona abashayeli abathi belibona irobhothi libomvu tebhu, bangazimiseli ukulihlonipha baleqe linjalo bese kufa imiphefumulo engena cala.

Abashayeli abashayela beqe ijubane elibekelwe izimoto emgwaqweni benza umonakalo. Ukuhamba ngesivinini esiphezulu emgwaqweni kwenza uhluleke ukugwema ngisho ingozi ebeyingavimbeka. Uma umgwaqo ushelela noma unenkungu akulula ukuyilawula imoto ehamba ngejubane.

Kuyiqiniso langempela ukuthi ukushayela emgwaqweni kudinga umqondo wakho wonke. Abanye abashayeli basebenzisa umakhalekhukhwini ngesikhathi beshayela. Uma uke waphendula umakhalekhukhwini uyaphazamiseka uphazamise nabanye.

Ngezikhathi zamaholide abantu bajwayele ukuzijabulisa. Abashayela nabo bayazitika ngophuzo oludakayo yize besazoshayela. Lokhu kufaka izimpilo zabantu engozini okungaba ukulimama noma ukufa. Bayakhohlwa ukuthi uma ungumshayeli izimpilo zabantu zisuke zisesandleni sakho.

Ukushayela ibanga elide kakhulu kuyakhathaza futhi kuletha nokhwantalala.

Ums Shayeli oshayela umqondo nomzimba sekukhathele uphazamisa ezinye izimoto ngoba akakwazi ukunamathela ekushayeleni. Kuyancomeka ukuthi apake endaweni

ephephile aphumule.

Imoto ifana nengane ngoba nayo ifuna ukunakekelwa ishintshwe okonakalayo. Izimoto ezingekho esimeni esifanele ukuhamba emgwaqweni zigcina sezenza izingozi ezinyantisa igazi. Abanikazi bezimoto abafuni ukukhanda/ukusevisa izimoto, banqena ukukhokha.

Abantu bathanda ukudlala umculo nokuxoxa uma beshayela. Amazwi nomculo ophezulu uvala izindlebe umshayeli angakwazi ngisho ukuzwa uma kukhona okonakalayo emotweni. Ngisho kuphuma amabhawodi emasondweni angawezwa ngenxa yomsindo ophezulu.

Qaphela! Qalaza! Phepha!

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

Bukisisa **UMBHALO D** bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**

## ISIFIKILE IGOBHOZA

Ndiza nathi ngamanani aphantsi!



Zizwe usekhaya ngokugibela ibhanoyi iGobhoza.

Angeke ubuzwe ubude bohambo noma ungaba semoyeni amahora amaningi.

Sizigqaja ngobukhazikhazi obungaphakathi kanye nokudla okudliwa yizo zonke izinhlobo zabantu.

Sindizela kuwo wonke amazwekazi (continents).

Thenga ithikithi elilodwa esontweni lokuqala kuJuni uthole elesibili mahhala.

Sithinte kulezi zinombolo: 08600 52525/ 031-3332045

Amathikithi atholakala:

- Kuma-computicket
- Ezikhumulweni sezindiza

Imithetho nemibandelo:  
Ayibuyi imali uma usukhokhile wangahamba.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangiso? (1)
- 3.2 Bhala izindawo EZIMBILI ongathenga kuzo amathikithi okugibela indiza esesithombeni. (2)
- 3.3 Bhala umqondo onikezwa isakhi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.  
Sindizela kuwo wonke amazwekazi. (2)
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.  
Zizwe usekhaya kusho...  
A Ukundiza.  
B Ukukhululeka.  
C Ukukhathala.  
D Ukubasemoyeni. (1)
- 3.5 Bhala igama elimqondofana naleli gama elibhalwe ngokugqamile  
**Sizigqaja** ngobukhazikhazi obungaphakathi. (1)
- 3.6 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo kulesi sikhangisi. (1)
- 3.7 Ngokucabanga kwakho, kwenziwa yini ukuthi imibandela kulesi sikhangisi ibhalwe ngefonti encane kakhulu? (2)
- [10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa **UMBHALO E** bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**

[www.googlepics.com]

- 4.1 Yini ekhombisa ukuthi bayahamba laba abasesithombeni? (1)
- 4.2 Guqula lo musho olandelayo ukhombe ukuphika.  
Kuthiwa sizolinda amahora ayi-5. (2)
- 4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:  
**Sizalelwe yinja endlini namhlanje.**
- A. Ukuba senkingeni.  
B. Ukuba nenhlanhla.  
C. Ukuba sendaweni oyithandayo.  
D. Ukuba sendaweni enokuthula. (1)
- 4.4 Hlobo luni lwesifengqo lolu olulandelayo.  
Kodwa nithi sizofika la esiya khona? (2)
- 4.5 Sebenzisa igama '**izulu**' emshweni ozakhele wona linike incazelo ehlukile kule esetshenziswe ekhathunini. (2)
- 4.6 Kunamthelela muni ukungafiki kwebhanoyi ngesikhathi elilindeleke ngaso? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

[10]

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa **UMBHALO F** bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

Abazali bami bangithengele izimpahla ezintsha ngoba ngiphumelele **kahle** esikoleni. Ukuphumelela esikoleni kuhambisana nenhlonipho. Zingane hloniphani abazali benu. Ingane engahloniphi abazali bayo iba nebhadi. Kufanele sikhumbule ukuthi umuntu ongumzali akuyena kuphela lona okuzalayo. Yinoma yimuphi osebangezi lokuba umzali noma-ke olingana nabazali bakho.

Ingani nathi uqobo siyokujabulela ukuhlonishwa uma sesibadala. Kuyadingeka ukuthi abantu abadala bazihloniphe izingane. Lokhu kuhloniphana kwenza ukuba imphilo ibemnandi. Izingane azilalele abazali bazo. Izingane ziphile isikhathi eside. Othisha bathola izingane esezifundisiwe kahle inhlonipho ekhaya. Lezo ezingafundisekile ziyaphuma esandleni. Ziba amahlongandlebe.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lenze msebenzi muni?

Abantu **abadala** mabahloniphe izingane zabo. (1)

5.1.2 Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Abazali bami **bangithengele** izimpahla ezintsha. (1)

5.1.3 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe inkathi yamanje eqhubekayo.

Umzali ukhuza izingane bese zona zilalela okushiwoyo. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Lo musho olandelayo uqukethe yiphi indlela yesenzo?

Zingane hloniphani abazali benu.

A Indlela yenhloso.

B Indlela eyamile.


C Indlela esabizo.

D Indlela ephoqayo. (1)

5.1.5 Bhala isibaluli esitholakala kulo musho olandelayo:

Umzali oqotho unenhlonipho. (1)

- 5.1.6 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho ombaxa.  
Izingane azilalele abazali bazo.  
Izingane ziphile isikhathi eside. (2)
- 5.1.7 Bhala igama elimqondophika/eliphikisana nalelo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.  
Ingane engahloniphi abazali bayo iba **nebhadi**. (2)
- 5.1.8 Guqula lo musho olandelayo ube sebunyeni.  
Izingane azilalele abazali bazo. (2)
- 5.1.9 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo bese uwubhala kabusha.  
Lenhlonipho yenza ukuba imphilo ibe mnandi. (2)
- 5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.**  
**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**



[www.googlepics.com]

- 5.2.1 La mazwi kaDavid alandelayo avusa muphi umuzwa?  
Nx! Ungijwayela kabi lo. (1)
- 5.2.2 Tomula isenzukuthi esiqukethwe inkulumo kaCheryl. (1)
- 5.2.3 Hlobo luni lwenkolelo oluqukethwe yilo musho olandelayo?  
Akazi ukuthi amadoda anamandla kunabesifazane! (2)
- 5.2.4 Kungabe laba abasesithombeni bakulungela ukugijima? Sekela impendulo  
yakho. (2)

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**